

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 04 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 01. 07. 2012

34/2012

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 122/139

2. **Umkhuleko:** Nkosi Msindisi wethu. Wena owafeza umsebenzi kaBaba osezulwini ngokuzithoba okukhulu. Siyabonga insindiso yakho efinyelele kithina. Sicela ukuholwa nguwe, uphathe futhi ungcwelise izinhliziyi zethu ukuze sigcine imiyalelo yakho. Sivikele njalo ukuze imiphefumulo yethu igcineke kuwe, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:10-13

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 6:36-42.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 272/226

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe ku 1 Petru 3:8-17, lithi: “Okokugcina, manibe-nhliziyonye nonke, nihawukelane, nithandane ngokwabazalwane, nibe-nobubele nokuthobeka, ningaphindisi okubi ngokubi nokuthuka ngokuthuka, kepha kakhulu manibusise, ngokuba nabizelwa lokho ukuba nidle ifa lokubusiswa. Ngokuba osuka ethanda ukuphila nokubona izinsuku ezinhle makanqande ulimi lwakhe kokubi, nezindebe zakhe zingakhulumi inkohliso, adede ebubini, enze okuhle, afune ukuthula, akujonge, ngokuba amehlo eNkosi aphezu kwabalungileyo, izindlebe zayo zisekunxuseni kwabo, kepha ubuso beNkosi buphezu kwabenza okubi. Pho, ubani onganilimaza, uma nishisekela okuhle na? Kepha noma nihlupheka ngenxa yokulunga, nibusisiwe. Ningesabi ukwesabisa kwabo, ningakhathazeki, kepha mngcweliseni uKristu abe-yiNkosi ezinhliziyweni zenu, nihlale ningabalungele ukubaphendula bonke abanibuza isizathu sethamba elikini, kodwa kube-ngobumnene nangokwesaba, nibe-nonembeza omuhle, ukuze kuthi kulokho abanihleba ngakho bajabhiswe labo abathuka ukuhamba kwenu okuhle kuKristu. Ngokuba kuhle ukuhlupheka ngokwenza okuhle, uma kuyintando kaNkulunkulu, kunokwenza okubi.” Amen.

8. **Intshumayelo:** Zihlobo ezithandekayo zeNkosi yethu uJesu Kristu! Namuhla kuyiSonto lesine emva komkhosi wobuThathwemunye. UNkulunkulu uthanda ukuba sisizane futhi sithwalisane imithwalo ekuphileni kwethu sonke esingamakholwa akhe.

Indoda yimbe endala eyayimesaba uNkulunkulu yathi isiseduze nokuphangalala, yathi: “Ngabe kumnandi kabi ukuphila emhlabeni ukube abekho abantu kuwona.” Ukungathandani kwabantu kuyawona umhlaba, kanti ukuthandana kwabo kumenza umuntu ahlale ngokwenama kuwona. “Kumnandi la emhlabeni lapho abantu behlala bethandana benomoya munye,” lisho njalo iculo lakithi. UNkulunkulu naye uyadunyiswa lapho abamaziyo behlalisana ngaloluthando; kodwa abangaphilisani ngaloluthando, bakhomba ukuthi obabusayo nguSathane, uyise wayo yonke inzondo.

Yingakho iNkosi uJesu kubafundi bakhe akhuluma ngothando ukuthi abaphila ngalo bangabakholwa kuye ngokweqiniso, ethi: “Bonke bayokwazi ukuthi ningabafundi bami, uma nithandana” (Joh. 13:35). Nalo izwi lentshumayelo namuhla libiza ukuthi thina maKristu sibonakalise uthando ekwenzeni kwethu, lokho kube luphawu lokuthi singabakaKristu ngokweqiniso.

Uthando athi masilubonakalise ngoluvela enhliziyweni. Ngokubuswa yiloluthando sonke, siyakuba munye ngezinhliziyo (8). Siyakuba nhliziyo-nye kwezokukholwa ngoba sonke sizithoba ngaphansi: kwezwi linye leNkosi yethu, kothando lodwa lweNkosi, koMsindisi munye, komBhapatiso munye, kwesiDlo esiNgcwele sinye, kokukholwa kunye, nezulu linye (Ef. 4). Ngokuba munye ngezinhliziyo siyamthanda uJesu, sithanda ukuya kuye ezulwini lakhe; sikhuthazwa nguyena kulomhlaba esihlenga ezonweni asule iziphambeko zethu. Simunye ngezinhliziyo: sizonda konke okubi kwezwe, nokwemvelo yesintu, nokukaSathane. Siyalekelelana ukulwa noSathane siqobe isono ngamandla eNkosi yethu uJesu. Silwa ngalamandla sisuse kithi inhlebo, amanga, nokwethukana—wonke lamanyala awasenandawo phakathi kwethu ngoba simunye ngezinhliziyo, simunye kuKristu.

Phakathi kwethu akusenakuba khona ukwahlulelana, ukubukelana kude, ukudelelana, nokubukelana phansi. Abathwele kanzima ngenxa yesono nangenxa yezibopho zasemhlabeni siyabahawukela ngoba sibuswa wuthando lukaBaba osezulwini. Uthando lusiqhuba ukuba sithi: Ubuhlungu bomunye umzalwane bungubuhlungu bami. Kwaba njalo nakubazalwane baseJerusalema, ababeswele bempofu babehawukelwa ngabanye abanotho lokwabelana nabo, bebasiza ngokubapha (IzE. 2:42-47). Namabandla aseMasedoniya nase-Asiya aholwa nguPawulu ezwa ngenhlupheko yabazalwane eJerusalema, ahlanganisa izandla akhipha umnikelo olivuselelayo ibandla laseJerusalema, (2 Kor. 9:1-5). Ngokuzwa ngalezizibonelo uMoya oNgcwele uyathinta izinhliziyi zethu ukuba sivume ukuthi kithi kukhona okuningi okungenzeki ukuba sidabuke ngenxa yoikuswela uthando olubiziwe kithi, sibuyele eNkosini ukuba isithethelele konke ukuphambana kwethu nentando yayo, sicele kuyo ukuba ithungele umlilo wothando kithi;

Siduduzeke ngothando olujulileyo luvela kuJesu owazithoba ephuma ezulwini wazehlisela phansi kithina basemhlabeni. Wasifica sikhungethwe yizono nokubi kwasemhlabeni: ubandlululo, ingcindezelo, nokwahlulelana. UJesu wazimisela ukuhlanguzana nezoni, lithi iBhayibheli wayedla nezoni. Wayefuna ukuba ngumvikeli wazo kokubi, abe yiNkosi yazo lapho zihlakazwe nguSathane zifana nomhlambi ongenamelusi. Abacindezeli abakhulu badineka ngokwenza kukaJesu, bexakwa wukudla kwakhe nezoni, (Math. 9:10-13; Luka 15:1-7). Yebo, uJesu othobekileyo akazange azilahle izoni ekuguleni kwazo ngesifo esiyisano. Akahlalanga

nabangingi abaphilile imiqemane engadinge kwelashwa. Weza kimi ngingedwa emgodini ngingenakwenyulwa muntu; wangiphakamisa ngothando lwakhe, wena owabona umalusi omuhle oshiya izimvu eziningi aye kohlenga eyodwa ewele emgodini. Akumhlulanga ngalutho ukuthi isono sami sasiyini: noma ukumphika yena, noma ukwedelela abaswela usizo, noma inhlebo esezindebeni zomlomo wami! Wazinikela ukungikhulula angigeze kulobo bubu, namuhla ngibizwa ngegama lakhe kuthiwa ngingongcwele.

Nawe uyalwazi loluthando olungenamkhawulo, ukuzwile ukuzithoba kukaJesu uMsindisi, akunjalo? Uyamuzwa efuna ukuzihlanganisa nawe khona ungaseyukumbonela kude. Indlu yakho, umshado wakho, impilo yakho, inhliziyi yakho, ingqondo yakho nomphumulo wakho—kukho konke lokhu uyathanda ukungena khona. Kusafana nanjengoba asho kuZakewu ukuthi: “Namuhla ngimelwe ukuhlala endlini yakho...iNdodana yomuntu ize ukufuna nokusindisa okulahlekileyo” (Luka 19:1-10). EsiDlweni seNkosi yilapho ubunye buqiniswa khona, nothando oluyisibopho sobunye lugcizelelwa khona. Akathandi uJesu ukuba sihambe ngokulahleka singenaNkosi naMvikeli. Ngakho lokhu usisondeza kuye ngoMoya oNgcwele owehlela abafundi bakhe; uMoya uyasisiza ukuba sithi uNkulunkulu unguBaba wethu, ngalokho sencike njalo kuye sibe nethemba.

Siyalidinga ithemba. Okwasemhlabeni kulwa nathi kakhulu, imvelo yethu siyizwa njalo isilinga ukuba sizitike ngalokho okungasasifanele. USathane ufuna ukwenza ihlaya ngathi ezama ngawo wonke amasu ukusidukisa. Ukufelwa, ukugula, ukulamba, ukweswela, izingozi, ukwaliwa nokuzondwa sikwazi njengoba sizazi thina. Konke lokhu kwenzeka kithina esithi singamakholwa, hhayi nje kwabangakholwa. Kufike kuliqede nya ithemba lokuthi iNkosi iyasibona, izosilwela. Kangingi sifisa ukuthatha izikhali silwe nabo abasonayo; sihlala sibambelele emgodleni wethu wamazwi ahlabaya, silungisela ukuphindisela kwabasethukayo. Kuyenzeka silibale ukuthi uJesu oyiNkosi yethu wethukwa naye, wadelelwa, wahlaziswa, kodwa akaphindiselanga. Walinyazwa, kodwa akathathanga zikhali athi mayihlom’ ihlasele. Kunalokho wamethemba uBaba uMphindiseli, ethi: “Bheka, uNkulunkulu ungumsizi wami...uyabuyisela okubi ezitheni zami” (AmaH. 54:4-5).

Ithemba, uthi uPetru, likithina, kanti abantu bazosibuza ngalo. Lokhu-kuba nethemba kuyasikhuthaza ukuba sibaphendule labo abasibuzayo. Yebo, sinalo lelithemba. Yithemba elimiyo ngqi, hhayi ithenjana nje elidliwa wungabazane. Asethembele kudokotela, enyangeni nasemithini yabo. Asethembeli kwizazi, kwizifundiswa, kochwepheshe, nasebantwini nje. Asibhekile usizo lwamakhosi, abameli basemhlabeni, namadlozi. Ithemba lethu asilibekile kunoma yini enye.

Thina maKristu, ithemba lethu limi kuKristu nezithembiso zakhe. Nguyena isisekelo salo ngoba unguNkulunkulu: unguMsindisi, iWundlu leNkosi owasifela ethwele iziphambeko zethu kuyena. Nguyena kuphela osiduduzayo sazi ukuthi sixolelwe, siyathandwa nguBaba osezulwini. Ngakho nguyena esibaphendula ngaye abasibuza ngethemba elikithi. Bazosibuza abantu ngoba uma bengasibuzi bazoswela ukwazi ukuthi lokhu alokhuya kwenzeka kanjani, kwenziwa ngubani, kusizani, kusho ukuthini.

INkosi isibekile lapha emhlabeni ngokuwazi kwayo. Ithanda siyikhonze sikhona lapha, senze konke okubizwa ngumThetho wayo siyikhonze ngalokho. Ifuna siyithande yona sithande nabo esihleli nabo. UJesu osisindisayo usinika loluthando oluzala ubunye, ukuzwelana, ukuzithoba, nethemba. Nakuba izwe, imvelo yethu, noSathane ufuna ukusehlula, ngethemba siyazi ukuthi uNkulunkulu ngeke asishiye sodwa kulengozi, asinamandlaokuzilwela; wosilwela yena sinqobe okubi ngaye olungileyo.

Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, nothando lukaNkulunkulu uBaba, nobunye bukaMoya oNgcwele, makube nani nonke. Amen.

9. Umkhuleko: Nkosi Jesu Kristu, siyabonga ukusithwalela kwakho amacala ethu. Sibonga ukusithanda usilwela usivikela ebubini. Siyacela usithethelele ngoba sinokuthanda okuncane, sinokuzazisa, futhi singakudeli okubi. Sifundise ukuthandana, nokuzithoba, usiphe ukholo olulangazela wena, Mlweli wethu. Senzele lokho ngomusa wakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 275/155

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-M. N. Mntambo

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.